Lapha eNingizimu Afrika, Usuku lokubuyisana luyiholide eligujwa mhla ziyi-16 kuZibandlela.

Le ncwadi ixoxa ngalolu suku.

Uzozwa ngomlando walo, nokuthi kungani lubalulekile.

Umkhulu ubuka umabonakude ngosuku lokubuyisana.

“Mkhulu, konje yini uMkhonto weSizwe? Kuyini ukubuyisana?” kubuza uPuseletso.

“Ubuza imibuzo emininingi ngesikhathi esisodwa. Lalela, ngikufundise.” kusho umkhulu.

“UMkhonto weSizwe, nowaziwa ngeMK kwakuyibutho le-*ANC* elalilwa nombuso wobandlululo. Ubandlululo kwakuyingcindezelo yabantu abansundu,” kuchaza umkhulu.

"Namhlanje abantu bajabulile ngoba wusuku lokuxolelana nokubuyisana,” kuchaza umkhulu.

“Uyakhumbula ngesikhathi ningakhulumisani isonto lonke noDikeledi?” kubuza umkhulu.

UPuseletso wavuma ngekhanda.

“Kancane kancane naphinde nabuyisana naba abangani futhi”?

UPuseletso wavuma ngekhanda.

“Lokho kuwukuxolelana nokubuyisana,” kumamatheka umkhulu.

“Usuku lomhla ziyishumi nesithupha kuZibandlela usuku lokuxolelana nokubuyisana,” kuqhubeka umkhulu.

“Lolu suku lunomlando omude. Indaba iqala ngempi eyaliwa kudala, mhla zishumi nesithupha kuZibandlela ngonyaka we-1838.”

“Ngalolo suku oluwumlando, amabutho kaZulu eholwa yiNkosi uDingane abambana phezulu namaBhunu, ama-*Voortrekker* eduze nomfula iNcome.”

“Ngubani owanqoba?” kubuza uPuseletso.

“Kwanqoba amaBhunu.” Kuphendula umkhulu. Isikhathi eside bekugujwa umkhosi wokunqoba kwabo mhla ziyishumi nesithupha kuZibandlela. Lolu suku babelubiza ngokuthi Usuku lwesiFungo.

Ngonyaka we-1962 mhla ziyishumi nesithupha kuZibandlela, i-*ANC* yasungula iqembu loMkhonto weSizwe.

Kwakuyiqembu lamasosha e-*ANC* ayezimisele ukulwa nombuso wobandlululo.

“Mkhulu, yini eyaphoqa uMkhonto weSizwe ukuba ulwe emva kweminyaka eminingi kangaka yobandlululo?” kubuza uPuseletso.

“Zaziziningana izizathu zalokho. Okwenzeka ngesikhathi bemasha emashini yokulwisana nokuphathwa kodompasi esinye sezizathu esisemqoka,” kusho umkhulu.

“Yini udompasi?” kubuza uPuseletso.

Umkhulu waphendula, “Udompasi yincwadi kamazisi yakudala. Bonke abantu abansundu bebephoqelekile ukuthi bahambe beyiphethe le ncwadi kamazisi.”

“Ngonyaka we-1960, emashini yokuthula eyayise-Sharpeville eGauteng, okwakuhloswe ngayo ukulwa nokuphathwa kodompasi, amaphoyisa ombuso obandlululo ahlasela abamashi. Abulala futhi alimaza abantu abaningi.”

“Izingxabano ezedlule zahlukanisa abantu abansundu nabamhlophe,” kusho umkhulu ephefumulela phezulu.

“Ubungane bakhiwa ngeqiniso kuphela. Kumele kwaziwe okwenzeka phakathi kwabantu abansundu nabamhlophe ngenxa yombuso wobandlulo,” kusho umkhulu.

“Usho ukuthi kulula ukuxolelana emva kokulwa okungaka?” kubuza uPuseletso.

“Cha! Akulula. Kodwa ukwedlulisa konke okwenzeka, ukuxolelana nokubuyisana yikhona okubalulekile kubantu,” kuphendula umkhulu.

“Ukubuyisana akuyona into eyenzeka ngokushesha. Kuthatha isikhathi eside,” kuqhubeka umkhulu.

“Uma umuntu enza iphutha, kumele akhulume iqiniso bese ecela uxolo kulowo amonile. Emva kwalokho bayokwazi ukubuyisana baphinde bazwane,” kuchaza umkhulu.

“Uzwe kahle. Masibuke uhlelo ofuna ukulubuka kumabonakude!” kumamatheka umkhulu.

## ——Imibuzo

1. Ugujwa nini umkhosi wosuku lokubuyisana? Kungani lolu suku luyiholide lomphakathi?
2. Ngobani ababeyiqembu loMkhonto weSizwe?
3. Kwakungobani ababebizwa ngama-*Voortrekkers*?
4. Kwakuyini ubandlululo?
5. Chaza ngamazwi akho ukuthi kushoni 'Ukubuyisana.'
6. Abantu bangafinyelela kanjani ekutheni babuyisane?
7. Ingabe ucabanga ukuthi ukubuyisana kubalulekile? Chaza.
8. Cabanga nganoma ubani emndenini wakho noma esikoleni okudingeka ubuyisane naye. Bhala phansi ukuthi uzokwenza kanjani lokhu.

Le ncwadi yabhalwa ngolimi lweseTswana njengenye yezinsiza zokufunda zeprojekthi yeZenex Ulwazi Lwethu ngonyaka wezi-2020.